



Ukuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

Isihloko sesifundo: IBhayibheli lami

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **IBhayibheli lami**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSH</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none">• IBhayibheli• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.• I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethulizi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonele: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazel yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesi**Qinisiso 1** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko	IBhayibheli lami
Umbhalo weBhayibheli	Imibhalo yeBhayibheli ebhalwe ngokufingqiwe ngezansi kwesifundo.
Inhlosi yesifundo	Izingane zifunda ukwazi ukwakheka kweBhayibheli eliNgcwele nokubaluleka kwalo. Bangasebenzisa iBhayibheli ukuhlomulisa impilo yabo yokholo.

Isifundo esifingqiwe:

1. IBhayibheli liyisisekelo semfundiso esontweni lethu

- Lisitshela ngezehlakalo zamandulo, liletha induduzo nolwazi esikhathini samanje futhi limbula obala ilikusasa.
- Konke esikufundiswa ebandleni lethu kusekelwe eBhayibhelini (emBhalweni).
- Akukho lutho ezimfundisweni zethu okungaphikisana nomBhalo oNgcwele.

2. UMoya oNgcwele usisiza ukuba siqonde iBhayibheli

- IBhayibheli eliNgcwele (umBhalo oNgcwele) liphefumulelwe nguMoya oNgcwele.
- Intando kaNkulunkulu, kanjalo-ke neBhayibheli, ingaqondakala kuphela ngomsebenzi kaMoya oNgcwele. (1 KwabaseKorinte 2: 10-12)
- ‘Njengezincku zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu’ (1KwabaseKorinte 4: 1), abaPhostoli nabo bathunywa ukuba bahumushe umBhalo oNgcwele.

3. Ukubaluleka kweBhayibheli kithina nangeqhaza lalo empilweni yethu yansuku zonke

- Ngokufunda iBhayibheli sandisa ulwazi lwethu nokuqonda mayelana necebo likaNkulunkulu lensindiso.
- UMoya oNgcwele ungasisiza ukuba siqonde okuningi kwalokho esikufunda eBhayibhelini futhi uma singaqondi, singabuza abakhonzisi (iziNceku) bethu.
- UNkulunkulu angasinikeza impendulo yombuzo ngendima ethile eseBhayibhelini.
- NgeBhayibheli, uNkulunkulu angasiduduza (AmaHubo 23), angasinika amandla (kwabase-Efesu 3: 14-17) futhi asibonise ukuthi uyasithanda (Johane 14:21).

4. Isakhiwo seBhayibheli

I-TESTAMENTE ELIDALA	I-TESTAMENTE ELISHA
17 x Izincwadi zomlando	5 x Izincwadi zokufundisa
5 x Izincwadi zokufundisa	21 x Izincwadi zemfundiso
17 x Izincwadi zesiProfetho	1 x Incwadi yesiProfetho
15 x Izincwadi ze-Apocrypha	



- I-Testamente eliDala limayelana ne:-
 - Indaba yeNdalo
 - Intuthuko nomlando wabantu bakwa-Israyeli
 - Izincwadi zokufundisa nezokuprofetha kusukela ngesikhathi esingaphambi kokuzalwa kukaJesu.
- I-Testamente eliSha liphethe amarekhodi aphathelene nalokhu:
 - Ukuthunywa nemisebenzi kajesu Kristu nabaPhostoli baKhe,
 - Izincwadi zabaPhostoli eziya emasontweni ebandleni lokuqala,
 - Isambulo sikaJesu Kristu
- I-Apocrypha (imibhalo efihiwe) yimibhalo yeTestamente eliDala eyaqala ukuba khona phakathi kwekhulu lesi-3 nelesi-2 BC (Ngaphambi kokuzalwa kukaKristu). Lemibhalo yakha isixhumanisi (isibopho) phakathi kweTestamente eliDala neliSha futhi ingatholakala phakathi kweTestamente eliDala neliSha kushiqilelo IweBhayibheli I - New King James.

NAMI NGIFUNA UKU... sebenzisa iBhayibheli lami! Nginesifiso sokufunda iBhayibheli lami nsuku zonke!

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- IBhayibheli liyisisekelo sokufundisa nemfundiso yebandla lethu.
- UMoya oNgcwele usisiza ukuba siqonde iBhayibheli.
- IBhayibheli lisinikeza ukuqonda ngecebo likaNkulunkulu lensindiso.
- Ngifuna ukusebenzisa iBhayibheli lami ukuze ngikhule olwazini nasekuqondeni ukholo lwami.

Lena yimibuzo nezimpendulo eBhukwini lokusebenzela:

1. Ingabe kukuziphi izincwadi lapho kutholakala khona ngokuzalwa, ukufa nokuvuka kweNkosi uJesu na?

Impendulo: Kumavangeli ngokusho kukaMathewu, uMarko, uLuka noJohane

2. Ingabe iyiphi incwadi ehlanganisa izehlakalo ezilandela ukuvuka kukaJesu Kristu kanye nomsebenzi wabaPhostoli bokuqala na?

Impendulo: Izenzo zabaPhostoli

3. Ingabe yimaphi amavesi akuJona 2 achaza indlela uJona athandaza ngayo kuNkulunkulu esesiswini senhlanzi na?

Impendulo: Amavesi 3-10

4. Ingabe yiziphi izehlakalo okukhulunywa ngazo kula mavesi alandelayo eBhayibheli na?

<i>Impendulo:</i> UJohane 14: 3 1 Thesalonika 4: 15-17 Izenzo 1: 9-11	Ukubuya kukaKristu. Ukuguqulwa kwabaphilayo nokuvuka kwaba bafileyo lapho iNkosi ibuya. Ukwenyuka kweNkosi uJesu kanye nesithembiso
---	---



Isambulo 19: 7

sokubuya kwaYo.
Umshado weWundlu.

5. Ingabe yimaphi amadoda kaNkulunkulu akhulunywa ezindimeni zeBhayibheli ezilandelayo na?

Impendulo: UGenesise 39: 9 UJosefa
Eksodus 19:24 UMose
Abahluleli 7: 19-22 UGideyoni
1 AmaKhosi 19: 5-8 UEliya

6. Funda KuSambulo 1: 1-3 bese uphendula imibuzo elandelayo:

Impendulo: Ingabe ngubani owathola iSambulo na? UJohane.
Ingabe yisambulo ngobani na? NgoJesu Kristu.
Ingabe sathunyelwa ngobani na? Enye yezingelosi zaKhe.
Ingabe lencwadi ikhulumwa ngani na? Izehlakalo ezipokwenzeka maduze.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen



Notes

Notes